

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

07/2016 Intshumayelo ngosuku lokukhumbula ukusokwa kweNkosi, ngomhla ka 01. 01. 2016

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

Izwi elongamela lolusuku lilotshiwe kuKol. 3:17, lithi: "Konke enikwenzayo, noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni konke egameni leNkosi uJesu, nimbonga uNkulunkulu uYise ngaye."

1. Iculo 67/64
2. Umkhuleko: Nkosi Jesu Kristu, siyabonga uthando lwakho olukhulu, wazinikela ukusokwangenhloso ukuba ube phansi kwesiqalekiso somthetho, ukuba thina sihlengwe esiqalekisweni somthetho, nasebuqilini bawo. Siyabonga, ngokuba uhlukanisile ukusindiswa kwethu nemisebenzi yomthetho ukuba ukusindiswa kwethu kuhlanangiswe nokubhaphathizwa nokukholwa egameni lakho. Mawusisize ukuba sibambelele kulenkululeko esihlengiwe ngayo nguwe, sibe izikhonzi zakho ngentokozo enkulu. Mawuzamukele izicelo zethu ngomusa wakho. Amen
3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Gen. 17:1-8;
Iphistola lohlelo lwesithupha lilotshiwe kwabaseFilipi 4:10-20;
Ivangeli lohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 2:21.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 237/202
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Iphistola** ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseGalathiya 3:26-29, lithi: "Ngokuba nonke ningabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu Jesu. Ngokuba nonke enabhaphathizelwa kuKristu nembathisiwe uKristu. Akakho umJuda nomGrekhi, akakho oboshiweyo nokhululekileyo, akakho owesilisa nowesifazane, ngokuba nina nonke nimunye kuKristu Jesu. Kepha uma ningabakaKristu, seniyinzalo ka-Abrahama, niyizindlalifa ngokwesithembiso." Amen.
8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ngosuku lwesishiyagalombili emva komkhosi wokukhumbula ukuzalwa kukaKristu siyakhumbula ukusokwa kwakhe, wasokwa ukuba kuhanjwe ngokomthetho omisiwe eTestamenteni elidala. Wazinikela ukusokwa ukuba thina sihlengwe esiqalekisweni somthetho, samukele ubuntwana, samukelwe ukuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu, sibe yisinzalo ka-Abrahama, nezindlalifa ngokwesithembiso. Ngokusokwa kwakhe kwaqala indlela kaJesu yokugcwalisa okwakhulunywa ngaphambili ngokuhlushwa kwakhe nokuchithwa kwegazi lakhe, alalele uYise, kuze kube sekufeni, ukufa kwesiphambano, asilungisele insindiso ngokusifela esiphambanweni, nangokuvuka kwabafileyo ngosuku lwesithathu. Kanjalo siyezwa ngezwi letshumayelo yanamuhla ukuthi ngokusilungisela insindiso ngalendlela
1. wahlukanisa ukusindiswa kwethu kukho konke okungaphandle,
2. Wakuhlangnisa nokubhaphathizwa nokukholwa egameni lakhe.

1. Ezweni abantu bahlukene ngezinhlukano ezikhona phakathi kwabo, ngakho abanakho ngezinto zabo ezingaphandle. AbaJuda basokiwe, bahlangana nabasokiweyo, abadli nabangasokwanga, njengamaGreci. Kukhona abesilisa, nabesifazane. Ngesikhathi seTestamente elisha kwakukhona abakhululekile, nezigqila. Kukhona abantu besizwe esithile, bakhuluma ulimi lwakubo olulodwa; noma banezimfuyo, neminotho efanayo, Kukhona ababusayo nababuswayo. Kukhona okuhlanganisayo mhlawumbe abafuya izinkomo zohlobo oluthile, banokuningi abazokhuluma ngakho ngobuhle bezinkomo zabo. Noma njengasezweni lakithi kwakukhona ukuhlukaniswa ngemithetho yobandlululo kwabantu bezizwe ezahlukeneyo, noma bengabantu bezwe elilodwa. Noma kususiwe imithetho eyabahlukanisa, ubandlulula busekhona nanamuhla, abanamandla basahlukanisa abantu bezizwe ezahlukeneyo. Abantu bahlangana ngakho okungaphandle. Abanomsebenzi ofanayo, noma banesikhundla esifanayo, bashesha bahlangana, nokwazana. Otisha baxoxisana ngezindaba ezikolweni, abafundisi bakhuluma ngezindaba zasemabandleni. Kukhona ukuhlukana ngokobuzwe, ngobulili, noma ngamalungelo abantu abanawo. Kodwa odabeni lokusindiswa kwethu zonke lezinhlukano ezikhona phakathi kwabantu azinamandla ukusihlukanisa. Ngokwezwe, ngokwezizwe kukhona ukuhlukana, kodwa ngokwezwi likaNkulunkulu kungokunye, uma abantu belalela izwi ngokwempela, uma behamba ngalo, uma bezinikela ukulilalela impela. Ngokusindiswa kwethu asinokuhlukaniswa, ngokusindiswa kwethu izwi lithi: "Akakho umJuda nomGreci, akakho oboshiweyo, nokhululekileyo, akakho owesilisa nowesifazane, ngokuba nina nonke nimunye kuKristu Jesu," sibhaphathizwe ngombhaphathizo munye, samukela umzimba munye esinkweni, siphuza igazi linye esitheni seweine, ngokuba okubili kubusisiwe ngezwi likaKristu lokumisa isidlo sakhe. Noma ngokungokungaphandle uJuda esengumJuda, nomGreci esengumGreci, owesilisa esengowesilisa, nowesifazane esengowesifazane, nokhululekileyo esengokhululekileyo, nesigqila siseyisigqila, bamunye kuJesu Kristu. Bonke basindiswa ngendlela inye ngokuthethelelwa izono zabo, nokubalelwa ukulunga kukaKristu ngokukholwa nguye.

2. Yikho okugcizelelwa kukho okwesibili kwezwi lentshumayelo yanamuhla. Sonke, noma sihlukene ngakho okwangaphandle, siyasindiswa ngokubhaphathizwa nangokukholwa nguJesu Kristu. Izwi lithi: Ngokuba nonke ningabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu Jesu. Ngokuba nonke enabaphathizelwa kuKristu nembatha uKristu. ... nonke nimunye kuKristu Jesu. UmJuda ophendukayo uyabhaphathizwa egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele, nomGreci kanjalo, nabakwaZulu, nabeTswana, namaVenda, namaJalimane, namaNgisi, namaBhunu, namaSwazi, noma umuntu wasiphi isizwe. Akekho othola intethelelo engcono, noma insindiso engcono. Kithinia sonke umbhaphathizo uveza ukuthethelelwa kwezono, ukhulula kukho ukufa nakuye uSathane, ubanika intokozo ephakade bonke abakhulwa yikho okuthenjisiwe ngamazwi, athi: Okholwayo abhaphathizwe, uyakusindiswa. Uma kukhona ongakhulwa lesisithembiso yena uyakulahlwa, noma engumuntu wasiphi isizwe. Kuqinisele simunye kuKristu

Jesu ngokubhaphathizwa nangokukholwa nguye. Ekusindisweni sihlanganisiwe. Izwi lentshumayelo yanamuhla liphawula leliqiniso nangokukhuluma ngakho okungatholakali kukho okwezwe, noma okwezinjwayelo zezizwe. Kuthinta nendaba yokwemukela ifa, lithi: Kepha uma ningabakaKristu, seniyinzalo kaAbrahama, neyizindlalifa ngokwesithembiso. Ngokwemithetho yabantu kukhona munye kuphela oyindlalifa. Kodwa ekusindisweni kwethu ngokukholwa nguKristu, sonke ziyizindlalifa ngokwesithembiso. Sonke silungiselwe indawo yethu ezulwini, ekuphileni okuphakade.

Ngalesithembiso uNkulunkulu uthanda ukususa wonke umona phakathi kwabantwana bakhe, phakathi kwababhaphathisiweyo, phakathi kwabo abakhulwa nguKristu. Noma kukhona okuningi okusihlukanisayo maqondana nakho okungaphandle, okwezwe, sonke sihlanganisiwe ngokubhaphathizwa nangokukholwa nguJesu Kristu. Ake sihlangane ngokuthandana nangokusebenzelana impela emsebenzini wokumema abantu abangakabhaphathizwa ukuba bacele ukubhaphathizwa, nabangakakhulwa nguJesu Kristu, nabangasakhulwa nguye ukuba bakholwe nguye. Thina esembathisiwe ngoKristu, siyise lengubo enhle kubo ukuba nabo bembathiswe uKristu, bakholwe nguye, basindiswe kanye nathi. Lomsebenzi mawusihlanganise sonke nakulomnyaka omusha! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba osezulwini, mawusivuselele sonke ukuba kungqotshwe bonke ubandlulula obusazama ukukhipha ikhanda labo ekusiethekeni, sibambisane kulomsebenzi omkhulu wokumema abangakabhaphathizwa ukuba basondele embhaphathizweni, nabangakakhulwa, nabangasakhulwa ukuba beze kuKristu, bakholwe nguye, bahlanganiswe nathi ekukholweni okukodwa, basindiswe kanye nathi, babe izindlalifa kanye nathi ekuphileni okuphakade, esikulungiselwe yiNdodana yakho, uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu, sibe munye kuKristu, samukelane ngokuthandana kobuKristu, sisebenzelane ebandleni nasekerikeni "ngokukhuluma zwilinye sonke, kungabikho ukwahlukana phakathi kwethu, kodwa siphaleliswe amqondweni munye nasekubonen kunye." Mawamukele umkhuleko wethu ngenxa yeNdodana yakho, uJesu Kristu, uMsindisi neNkosi yethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 142/125

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.